# Kusongelwe amasela

## EZOMPHAKATHI:

### Kuvunyelwane ngokuba acushwe ngomuthi

PHUMLANI GAMA

ASONGELWA ngokuthakathwa amasela emfunyo eNgonini, eNgwavuma, enyakatho-mpumalanga yeKwaZulu-Natal njengoba umphakathi uthi usukhathele yizigebengu eziwenzela phansi zeba izinkomo zawo, izimbuzi, izinkukhu kubuye kugqekezwe nemizi kuntshontshwe ifenisha nokudla.

Lokhu kwenzeke emhlanganweni obusenkundleni yezemidlalo eNgonini ngoMsombuluko lapho kuphunywe nekhambi lokuba kusungulwe isikhwama sokubhekana nalezi zinkinga ezidalwa ngamasela.

Kulo mhlangano obubizwe yinduna yendawo, uMnu Ellias Shongwe, bekubizwe abantu bawo wonke amazinga emphakathini kubalwa nentsha, okuyiyona enukwayo ngezigameko zobugebengu kule ndawo.

Kuvunyelwane ngokuthi kuzothathwa emalini ekhishwe kusukela ngawo uMsombuluko kukhokhelwe inyanga ezocupha lapho kuntshontshwe khona.

Kugxekwe abazali okubikwa ukuthi bavikela izingane zabo uma zisolwa ngokubamba iqhaza ebugebengwini obukhathaza umphakathi. Okunye okukhalisa umphakathi wukuthi izigilamkhuba ziboshwa zibuye zidedelwe, inkantolo ingawazisanga wona.

Kuvele nokuthi amalunga eCommunity Policing Forum (CPF) ayazondwa, esatshiswe ngokuthakathwa yingxenye yabazali bezingane ezisuke zisolwa ngokweba imfuyo.

"Iphelile imfuyo yabantu lapha endaweni, ngiyakweseka okwenziwe wumphakathi ngoba akukho umuntu ozosukelwa lapho ehlala khona kodwa kuzobekwa iphoyisa lesintu elizohamba liyothungatha umuntu ogangile emuva kwalokho kube yisilili esevuma izono zakhe.

"Kwezinye izindawo ezifana naKwaMhlabuyalingana imfuyo ilala emagcekeni kodwa kayintshontshwa. Nathi sizothatha izinyawo siyobuza ukuthi yini abenza ngayo bona ukuze bangathathelwa izinto zabo," kusho induna.

Usihlalo wekomidi lendlunkulu yesizwe sakwaMngomezulu, uMnu Mkhipheni Mngomezulu obeyisimenywa esikhulu kulo mhlangano, uthe neBhayibheli liyasho ukuthi inkokhelo yesono wukufa. "Bonke abenza izono bafanelwe wukufa. Nokho-ke lapha eNgonini ngeke kubulawe muntu kodwa umuntu uzobe ezibulele yena ngobusela bakhe.

"Uma untshontsha inkomo noma imbuzi yomuntu, kakuhlukene nokuthi ugqekeze ibhange wakhipha imali yakhe yodwa. Kwathina siwubukhosi isisime emphinjeni eyobugebengu kulesi sigodi.

"Siyafisa ukwedlulisa umyalezo oqinile kubona bonke abenza nabasacabanga ukwenza ubugebengu ukuthi ngeke besaphumelela kodwa kuzoba buhlungu lapho umuntu esehamba evuma bume izono zakhe imbuzi eseyivika emoyeni engayiboni," kusho uMnu Mngomezulu.

UMnu Xolani Zikhali ongumeluleki wezomthetho ozinze eMbazwana KwaMhlabuyalingana, uthe kuwumbono omuhle okucatshangwa wumphakathi kodwa kuzofanele uqaphele ukuthi isigwebo esinikwa umuntu kasiphambani nesingase sikhishwe yinkantolo (kahulumeni).

"Kungenzeka umuntu antshontshe imbuzi ka-R600 umuthi womphakathi uphambanise ingqondo yomuntu impilo yakhe yonke. Lokho kuzokwenza ukuba umthetho ungenelele ngoba kuyobe kusho ukuthi sekunecala lokubulala ikusasa lomuntu.

"Nakuba kunjalo kodwa akukho lapho khona inkantolo ingazihlanganisa nemithi yabantu. Maqondana nokuboshwa kubuye kudedelwe abantu abasuke besolwa, kusukela ekutheni wona umphakathi ungathumeli ubufakazi obuphelele.

"Kokunye umuntu usuke eboshelwe ngaphandle kwejele," kusho uMnu Zikhali.